

UMnyango woMgcinimafa uphika umbiko wawo

nguMANDLA ZULU

USUPHENDUKE iqqa umbiko wophenyo olwenziva nguMnyango Womgcinimafa kwaZulu-Natal. Lo mbiko owaziwa ngele 'Forensic Investigation: Alleged Irregularities at KwaZulu-Natal Department Of Rural development and Land Reform: Payment of the Mangethe Land Claim to The Bhekamafa Community Trust udalula umgonyathi othinta inkampani kashukela iTogaat Hullet, inkosi yesizwe kanye nabathile emnyangweni nasemphakathini. Lo mbiko uyatholakala kusizindalwebu (*website*) seBAYEDE ku-www.bayedenews.com.

Okhulumela iHhovisi loMgcinimafa, uMnu uSibonelo Msomi ohlwini lwemibuzo athunyelelwe lona ngesonto eledlule nalapho kokunye bekubuzwa ukuthi ngabe ihhovisi labo lagcina lenzenjani ngalo mbiko nokuthi kungani izincomo zavo zingalandewanga, uphendule ngokuthi usazobuza kwabampethethe ngemininingwane ngawo kwazise yena usanda kuzifikela kuleli hhovisi.

Kuleli sonto uMsomi uthe umphathi wakhe, uNks uMapule Motaung oyiNhloko ye-Internal Audit Unit noLucky Nhlangulela obhalwe kuwo lo mbiko bathi abanalo ulwazi ngawo.

"Bathi inkinga enku ngesikhathi ngibuba uNhlangulela ngesonto eledlule wathi *ireference number* enisithumelele yona

enithi ibhalwe embikweni izikhulumela ngokunye okungahlengene nalokhu okubuzayo," kusho uMnu uMsomi. Izolo (ngoLwesine), uMsomi utha usayobuza nakumphathi wakhe onguNks uMotaung ukuzama ukuthola imininingwane kuye.

"Umphathi wami (uNks uMotaung) naye usho okufanayo nokushiwu nguNhlangulela ukuthi le Reference number ayihlangani naloludaba enikhuluma ngalo," kusho uMnu uMsomi. Okuditayo ngalenkulomo kaMnu uMsomi ukuthi, uNks uMotaung noMnu uNhlangulela baphika lombiko nje yibona ababhalwe kuwo. ElaboHlanga lithumele ubufakazi becwadi kuMsomi nogcine engabuyanga ukuqinisekisa ukuthi nembalala lokhu akushoyo kuyikho.

Embikweni owedlule weBAYEDE ngalolu daba, usihlalo weBhekamafa Community Trust, uMnu uSibusiso Mndaba wathi ngesikhathi bengena njengekomiti elisha leBhekamafa Community Trust ngowezi-2012 babhadame umkhonyomvu wokudliwa kwezimali zomphakathi kanye nokuqolwa kwemfuyo, ogandaganda nokunye okwakusepulazini okuthiwa lalithengelwe umphakathi. Bathi lokhu kwakuthinta izikhulu ezithile zomnyango wakwaRural Development and Land Restitutions (RDLR) kanye neNkosi uMathaba.

Kokunye uMndaba akhala ngakho ukuthi bathola ukuthi yinqwaba yamapulazi ayesethengwe nguHululmeni ewathengela umphakathi osekutholakale ukuthi abanikazi ayethengwe kubo namanje basahlala kuwo yize sebakohkhelwa nokuthi omunye

BAYEDE
www.bayedenews.com IPhephandaba laboHlanga
Ushicilelo lukazweloneke 19 kuMasingana - 26 kuMasingana 2017 R3.50 | eSwazini E3.50


UMLANDO WETHU
UMNTWANA NESETHULO NGOMLANDO WOBUKHOSI
IKHASI - 19

UMBKO USUWEMBULE IZIDWABA ZOBANDLULULO
IKHASI - 7

ITongaat Hulett isolwa ngobuqola

Umphakathi waseMacambini usola isikhondlakhondla senkampani neNkosi engasekho ngobuqola

Amakhasi-2 no-3



Umsuka wendaba embikweni welaboHlanga

wabo useze elakhe walidayisa isibili.

UMndaba uthi ngenxa yalo mkhonyovu bawubike kuNgqongqoshe wezomhlaba,

uMhlonishwa uGugile Nkwinti owabe esethinta iHhovisi likaMgcinimafa KwaZulu-Natal ukuba alulande.

Umbiko wenza izincomo

kokunye zokuba kuvulwe amacala enkohlakalo nokweba emaphoyiseni. Kodwa okutholakala ukuthi izincomo zavo azikaze zilandelwe kuze kube manje. Lo mbiko wawunxuse uMnyango waKwaZulu-Natal Department of Rural Development Land Restitutions ukuba welekelele umphenyi wecala, uWarrant Officer uMthiyane ngolwazi ukuze aphothule uphenyo lwakhe olumayelana necala lokweba, inkohlakalo okusolakala ukuthi lenzini iNkosi endala uMathaba.

Kuthiwa lolu lwazi olwalufunakala iwalubala nemininingwane yasebhange ngezimali ezazikhishwa khona. Nokuthi futhi kuzomele kukhulunye nabaphathi bakwaTongaat Hullet ukuqinisekisa ukuthi ababekwenza babekwenza ngoba bephoqwe iNkosi uMathaba kanye nokucacisa ngesamba semali abayifaka ku-akhawunti yasebhange yeNkosi uMathaba.

Nokuthi kuzomele umnyango ufunе imali yavo eyayikhokhela uMnu uJeffery Zulu engama-R250 000 ngesikhathi uMnyango uthenga ipulazi kuye. Phela uMnu uZulu ipulazi wayelibize UR500 000 kodwa uMnyango wagcina ukhokhe kuphela izi-R250 000. Ngokwezinomo zithi le mali malu ibuye nenzalo yakhona.

Nokuthi kwakuzomele kuyalelwu uMnu uMndaba osengusihlalo omusha weBhekamafa Community Trust ukuba anikeze abakwaTongaat Hullet imininingwane emisha yasebhange yeBhekamafa Community Trust ukuze bafake kuyo imali yokuqashiselwa ngamapulazi.